



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
7. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50	
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20	
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50	
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**QAPHELA ISIPHUZO SAKHO OSIPHUZAYO!**

- 1 Esikhathini samanje kunabantu abafaka izinto ezithile eziphuzweni zabanye. Lokhu kubizwa ngokuthi yi-*drink-spiking*. Lokhu sekugcwele izwe lonke. Kwenziwa ngesikhathi umnikazi wesiphuzo engaboni. Kufakwa izinto ezifana namaphilisi alalisayo, izidakamizwa, utshwala kanye nokunye okuzodaka umqondo womuntu. Lezi zinto zifakwa kunoma yiluphi uhlobo lwesiphuzo, esishisayo, esibandayo nesidakayo. Abezindaba basibikela ukuthi lokhu kwenzeka ngokushesha. Kungenziwa abantu esingabazi kanye nesibaziyo. 5
- 2 Ucwangingo lusivezela ukuthi isidakamizwa esisetshenziswa kakhulu i-*flunitrazepam* ebuye yaziwe ngokuthi i-*rohypnol*. Lesi sidakamizwa sisebenza kakhulu uma sifakwe ophuzweni oludakayo/otshwaleni. Akulula ukubona uma sesifakwe esiphuzweni ngoba asinawo umbala, asinuki futhi asiyishintshi indlela isiphuzo sakho esinambitheka ngayo. Siyashesha ukusebenza emzimbeni wakho. Kuqala kube sengathi ikhanda liyazula (*dizzy*) bese uwa phansi noma uvele ulale. Sihlala amahora angaphezulu kwayi-12 egazini lomuntu. Indlela esishesha ngayo, osuke sesimngene egazini akakwazi ngisho ukutshela oseduze kwakhe ukuthi uzizwa kanjani. Siyingozi enkulu lesi sidakamizwa. Abanye abantu **baya kwagoqanyawo** uma sesibangene kakhulu egazini. Zikhona nezinye izinhlobo ezisetshenziswayo ezenza umsebenzi ofana nayo i-*flunitrazepam*. 10
15
20
- 3 Wonke umuntu angaba yisisulu (*victim*) sokufakelwa okuthile esiphuzweni sakhe. Abantu abafaka izinto ezingalungile eziphuzweni zabantu basuke benezinhloso ezingafani. Kukhona abakwenza ngoba befuna ukubathathela izinto zabo. Abanye bakwenza ngoba befuna ulahlekelwe umqondo bese bekwenzisa izinto ezifana nokukusayinisa amaphepha azokwenza ulahlekelwe yikho konke onakho noma ungene enkingeni. Amantombazane amancane yiwona avamise ukuba yizisulu zokufakelwa izinto eziphuzweni zawo. Esikhathini esiningi basuke befuna ukuwadlwengula noma bawathathe izithombe abazozifaka ezinkundleni zokuxhumana. 25
30
- 4 USharon oneminyaka eyi-19, waya ephathini nabangani bakhe. Uthi konke kwakuhamba kahle ngoba wayehleli nabantu abaziyo futhi bonke bengaphuzi utshwala. Akazi ukuthi kwashintsha kuphi ngoba waqala wamemeza, wadansa ebamba nabafana angabazi. Ngakusasa wayengakhumbuli nokuthi wayenzani. Waba namahloni **waswela umgodi wokucasha** uma bemkhombisa izithombe nama-*video* abamthathe wona. Impilo yakhe yashintsha kusukela ngalelo langa ngoba abantu babengakholwa uma ethi akakhumbuli lutho. Uthi wayehlezi nabantu abathembayo beziphuzela iziphuzo ezingadakani. Kusobala ukuthi uSharon waba ngomunye owafakelwa okungalungile esiphuzweni sakhe. Maningi amantombazane azithola esesimweni esinjengesika Sharon. 35
40

5	Zikhona izindlela ezingasetshenziswa ukuvimba ukuphuza isiphuzo esifakwe izidakamizwa. Kubalulekile ukuhamba nabangani enizogadelana nabo iziphuzo zenu. Ungavumi ukuthelelwa umuntu isiphuzo esivulwe ungasibonanga. Phuza isiphuzo ngebhodlela noma ngekani usebenzise isi- <i>straw</i> . Ungasiphuzi isiphuzo osishiye etafuleni sivuliwe. Vala isiphuzo sakho ngesandla uma usendaweni egcwele abantu abaningi. Ungasiphuzi isiphuzo esishintshe umbala waso nesinephunga elihlukile kwelaso. Ukuphuza iziphuzo zabanye abantu nakho kuyingozi ngoba awazi ukuthi bazifakeni.	45 50
6	Inkampani enkulu i-South African Breweries (SAB) esebenza ukuhlola wonke amakhemikhali, isiqhamuke nesu/necebo lokulekelela ekulweni nalesi simo. Kukhona umshini abawusebenzisayo okuthiwa i- <i>Spike Detector Coaster</i> ohlola yonke into efakwa eziphuzweni. Lo mshini ungasetshenziswa yinoma ubani ngoba uyakwazi ukungena ephaketheni noma esikhwameni esincane. Abantu abathanda ukuhamba ezindaweni zokuzijabulisa kungakuhle bawuthenge lo mshini. Ngenkathi usola ukuthi isiphuzo sakho sesifakwe okuthile, thela iconsi laso kulo mshini. Uma isiphuzo sishintsha umbala, kusho ukuthi sekukhona okungalungile osekufakwe esiphuzweni sakho. Shesha ushaye ucingo kule nombolo ebhalwe kuwo lo mshini ukuze uthole usizo uma ubusuvele usiphuzile. Lokhu kusiza ukuthi uthole usizo lokuqala futhi kuhlolwe nohlobo lwesidakamizwa esisetshenzisiwe.	55 60
7	I- <i>drink spiking</i> iyingozi futhi ayikho emthethweni. Umuntu otholakala eyenza komunye umuntu uyaboshwa, anikwe isijeziso esiqinile.	65


[Icashunywe ku-Inthanethi yase iyahunyushwa]

- 1.1.1 Yini i-*drink spiking*? (1)
- 1.1.2 Yiziphuzo ezinjani ezifakwa izidakamizwa? (2)
- 1.1.3 Kwenziwa yini ukuthi umuntu angaboni uma isiphuzo sakhe sifakwe i-*flunitrazepam*? (2)
- 1.1.4 Kwenzekani kumuntu osanda kuphuza isiphuzo esifakwe i-*rohypnol*? (2)
- 1.1.5 Yiziphi izinhloso zokufakela amantombazane izidakamizwa eziphuzweni zawo ngokusendabeni? Bhala amaphuzo AMABILI. (2)
- 1.1.6 Okwenzeka kuSharon ephathini kwaba namuphi umthelela empilweni yakhe? (2)
- 1.1.7 Bhala izindlela EZIMBILI ezisesigabeni sesi-5 ezingakusiza ukuthi ungabi isisulu sokufakelwa izidakamizwa esiphuzweni sakho. (2)

- 1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:
- (a) Abanye abantu **baya kwagoqanyawo** uma sesibangene kakhulu egazini. (2)
 - (b) Waba namahloni **waswela umgodi wokucasha**. (2)
- 1.1.9 Kungabe kufanele yini ukuthi izindawo zokuzijabulisa zibe ne-*Spike Detector Coaster*? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.10 Kungaba namuphi umphumela ukubanjwa wenza i-*drink spiking*? (1)
- 1.1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu abaphuza utshwala yibona kuphela abasengozini yokuba yizisulu zokufakelwa izidakamizwa eziphuzweni? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa endabeni. (2)
- 1.1.12 Ungenzenjani uma ubona kufakwa isidakamizwa esiphuzweni somunye umuntu? (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zicashunwe ku-www.durban-tourism]

1.2.1 Bhala OKUKODWA ongakugibela uma uvakashele edolobheni laseThekwini.

(1)

- 1.2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezingaheha izivakashi ezithanda amanzi. (2)
- 1.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
- Ungaya kuyiphi indawo uma ufuna ukubuka ibhola lezinyawo?
- A Indawo esesithombeni-A.
B Indawo esesithombeni-F.
C Indawo esesithombeni-D.
D Indawo esesithombeni-C. (1)
- 1.2.4 Phawula ngokubaluleka kokuba khona kwendawo esesithombeni-G kuleli dolobha laseThekwini. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale indlela yokuzivikela uma uthathelwa/uphucwa imoto.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)**UNGAZIVIKELA KANJANI UMA UTHATHELWA/WEPHUCWA IMOTO?**

Ukuthathwa kwezimoto kwenzeka zonke izinsuku emhlabeni wonke. Abantu abantshontsha izimoto bayingozi ngoba basebenzisa amandla, izikhali nesihluku. Bakwenza lokhu ngokushesha okukhulu. Abayizisulu (victims) zalokhu bayabulawa, balinyazwe bathathelwe zonke izinto zabo.

Ukuhamba ngemoto esesimweni esiphilile kubalulekile. Uma uzoba nendlela gcwalisa uphethiloli, ufuthe namathayi ukuze ungami endleleni. Lokhu phela kungakusiza ukuthi kungaqhamuki abantu abayizigebengu usamile.

Kunezinto okufanele uzijwayeze zona sonke isikhathi uma usemotweni. Ukuvala amawindi nokukhiya iminyango kungakusiza. Lokhu kufanele ukwenze njalo uze ukujwayele.

Wonke umuntu uyakhululeka uma ebeke izinto zakhe esihlalweni semoto. Esikhathini samanje lokho kufanele ukuqaphele ngoba kungakufaka enkingeni. Isikhwama, imali, ifoni, nokunye okusemqoka kufanele ukubeke ebhuthini noma ngaphansi kwezihlalo. Umuntu angakuthathela/angakuphuca imoto ngoba nje ehehwe yilezo zinto.

Ukuphila kahle nomakhelwane bakho kungakusiza ukuze usheshe ubone umuntu noma imoto engagwayelekile eduze kwekhaya lakho. Abantu abathatha izimoto bayakuhlasela nasekhaya uma beyifuna imoto yakho.

Ezindaweni ezisemadolobheni kuvamisile ukuthathwa kwezimoto. Ukupaka eduze kwezitolo nasendaweni edlula abantu abaningi kungakusiza. Izigebengu ziyaphazamiseka uma abantu bephithizela ngoba azikwazi ukubaleka kahle nemoto yakho.

Imoto kufanele ibe nendawo ozoyipaka kuyona ebusuku nasemini. Ukwakha ezokuphepha eziqinile emzini wakho kuyisu elihle ngoba abathatha izimoto abayifuni into ezobabambeza. Paka imoto egalaji elikhiywayo noma ekhaya elibiyelwe. Ukubiyela kwenza umsebenzi ube lukhuni ezigebengwini. Imoto yakho kufanele ibe ne-alamu esebenza kahle kanye ne-tracker ukuze imoto itholakale kalula uma kwenzekile yantshontshwa.

Ubugebengu abupheli, kunalokho buya phambili. Kufanele sizame ukuhlala siphephile ukuze singakhulisi isibalo sabantu abathathelwa izimoto.

[Umbhalo wokuziqambela]

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**IKOLISHI LASETHOLULWAZI**

Imfundo ukhiye wekusasa lakho.



**YIBA YINYAMA
EZINKAMPANINI**

Thola iziqu kule mikhakha elandelayo:

- Ezokuphatha amabhizinisi.
- Ezokugcinwa kwamabhuku.
- Ezokuvakasha.
- Ezokulima nokugcinwa kwemvelo.

Sikusiza ngalokhu uma usungumfundi kuleli kolishi:

- Ukwesekwa okuphelele ezifundweni ngezezimali.
- Ukuthola indawo yokuhlala ngaphakathi.
- Ukuhanjiswa ngebhasi mahhala.

**Thumela u-PLEASE CALL ME ku:
082 053 2331 sizokufonela ngokuphazima kweso.**

***Gcwalisa ifomu le-CAO kusenesikhathi ukuze ube
sethubeni lokuba kwabokuqala abazothathwa.***

Uma ufuna imininingwane ephelele vakashela ku: www.tholulwazi.co.za
Facebook: thola_kolishi

[Umbhalo wokuziqambela]

3.1 Siqondiswe kobani lesi sikhangisi esingenhla? (1)

3.2 Bhala imikhakha EMIBILI ongayifundela eKolishi iTholulwazi. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Lo musho olandelayo usho ukuthini?

Yiba yinyama ezinkampanini.

- A Ukuthanda inyama.
- B Ukungathandwa muntu.
- C Ukungasebenzi.
- D Ukudingeka kakhulu.

(1)

3.4 Yiluphi usizo olutholakalayo kuleli kolishi? Bhala OKUBILI.

(2)

3.5 Tomula isiqubulo (slogan) salesi sikhangisi esingenhla.

(2)

3.6 Ngokucabanga kwakho ukuthola iziqu zemfundo ephakeme kusiza ngani?
Bhala OKUBILI.

(2)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

UMNDENI WAKWARAGOULE UVAKASHELE EPARIS AMASONTO AMABILI

U-TKay
Hawu, uSazi usenengoduso! Kazi uyithathephi imali yokulobola!

U-Yolly
Ted sithandwa sami, kuyabhora la eParis. Angazi zizophela nini lezi zinsuku eziyi-7 ezisele.

Umama
Wololo! Yinhle imfashini eParis! Ake ngizithengele izingubo engizodlisa ngazo uma ngifika ekhaya eJozi.

Ubaba
Ngifuna ukumangaza unkosikazi nabantwana bami ngoku-oda *online* isidlo esimnandi bese ngibafakela nemali yokuzithengela yonke into abayithandayo yakuleli zwe.

[Sicashunywe ku-Mercury-2016, sase siyahunyushwa]

4.1 Ubhalela bani uYolly umyalezo?

(1)

4.2 Likuphi ikhaya lalo mndeni ngokwekhathuni engenhla?

(1)

4.3 Zingaki izinsuku ezazisalele lo mndeni eParis?

(1)

4.4 Khetha igama elifanele kubakaki.

Igama elithi ingoduso lisho umuntu wesifazane ...

- A okhathele.
- B obhorekile.
- C oselotsholiwe.
- D osekhlile.

(1)

4.5 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kula mazwi enkulumo kamama:

Ake ngizithengele izingubo **engizodlisa** ngazo eJozi.

(2)

4.6 Qhathanisa indlela ubaba nomama abacabangela ngayo umndeni wabo?

(2)

4.7 Kungabe lo mndeni unemali eningi kakhulu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI.

(2)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

LELI YISIKO LAMI

Izingane zamanje zinenkinga yokulandela amasiko azo. Abantu abadala balindele ukuthi izingane kube yizona ezibahloniphayo. Ngokwesiko lesiNtu, ingane ayimbuki umuntu emehlweni. Amehlo kufanele iwabhekise phansi. Lokhu kukhombisa inhlonipho. Izingane zihlonipha abantu abadala. Emandulo ingane ebuka umuntu omdala yayithethiswa kabuhlungu. UBhekumuzi ungomunye othanda amasiko kakhulu. Ugqugquzela intsha yamanje ukuthi ingawabukeli phansi amasiko ayo.

Ukubingelela enye indlela yokuhlonipha. Ngelinye ilanga uMaKhumalo **wavutha umlilo** ngenkathi uSihle edlula engambingeleli. Wamthethisa. USihle waxolisa wathi ubenganakile ubesaphendula umyalezo kamakhalekhukhwini. UMaKhumalo ubafundisa inhlonipho abantwana. Ukwazi amasiko kubalulekile kuwo wonke umuntu. Izingane azifunde amasiko ngoba ayingxenye yempilo yazo.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala umusho olandelayo ube inkathi yamanje eqhubekayo:

Abantu abadala balindele ukuthi izingane kube yizona ezibahloniphayo.

(1)

5.1.2 Phinda ubhale lo musho olandelayo bese udwebela isivumelwano sikamenziwa:


UMaKhumalo ubafundisa inhlonipho abantwana.

(1)

- 5.1.3 Bhala isikhuliso segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona:
Amehlo kufanele iwabhekise phansi. (2)
- 5.1.4 Qala umusho ngegama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Izingane zihlonipha **abantu** abadala. (2)
- 5.1.5 Tomula igama elikhomba isandiso senkathi kulo musho olandelayo:
Emandulo ingane ebuka umuntu omdala yayithethiswa kabuhlungu. (1)
- 5.1.6 Guqula le nkulumo elandelayo ibe yinkulumo-ngqo/yinkulumo-qho:
USihle waxolisa wathi ubenganakile ubesaphendula umyalezo kamakhalekhukhwini. (2)
- 5.1.7 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.
Ibizombaxa elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lakhiwe ngaziphi izingcezu zenkulumo kulezi ozinikiwe:
UBhekumuzi ungomunye othanda amasiko.
A ibizo + ibizo
B isenzo + isiphawulo
C isenzo + ibizo
D inani + isihlanganiso (1)
- 5.1.8 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo:
Ngelinye ilanga uMaKhumalo wavutha umlilo ngenkathi uSihle edlula engambengeleli. (2)
- 5.1.9 Tomula isihlanganiso kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emushweni ozakhele wona:
Izingane azifunde amasiko ngoba ayingxenye yempilo yazo. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



- 5.2.1 Yini ekhombisa ukuthi abangani abasesithombeni bayajabula? (1)
- 5.2.2 Yini eyenza oBusi noJudy bahalalisele uPat? (1)
- 5.2.3 La mazwi alandelayo akhulunywa uBusi akhombisa yiphi inkolelo?
'Imali siyayidinga ukuze sibe abesifazane abakwazi ukuzimela singanciki kwabesilisa.' (2)
- 5.2.4 Yakha umusho ngegama elithi **umsebenzi** liveze umqondo webizomuntu. (2)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80